| |
|---|
| **UMTHETHO WESIBILI (2) WONYAKA KA 2019 WEGUNYA LEZOKUTHUTHA EGAUTENG** |
| **UMNYANGO WEZEMIGWAQO NEZOKUTHUTHA ESIFUNDAZWENI SASEGAUTENG** |
| **ISAZISO: UHLELO LOKUTHUTHA OLUZOLANDELWA LWE-GAUTENG (STRATEGIC TRANSPORT PLAN) SELUGUNYAZIWE** |

Ilungu loMkhandlu Ophethe (MEC) eliphathiswe ukunakekela Ezemigwaqo Nokuthutha eSifundazweni saseGauteng linikeza isaziso ngokuvumelana nesigaba 7(14) soMthetho Wokuphathwa Kwezokuthutha ka-2019 (uMthetho No 2 ka-2019) sokuthi Uhlelo Lokuthutha Oluzolandelwa [Strategic Transport Plan] (STP) lwe-Gauteng luye lwagunyazwa futhi lapha lushicilelwa ngokusemthethweni.

**Injongo Yohlelo Lwezokuthutha Oluzolandelwa**

Ngokuvumelana neSigaba 7(3) - (4) soMthetho, Uhlelo Lokuthutha Oluzolandelwa:

- Luhlinzeka ngohlaka lokuhlela oluzolandelwa ngokwakhiwa kwengqalasizinda yezokuthutha kanye nezinsizakalo (services) ngaphakathi eGauteng;
- Luqondisa futhi luxhumanise ukwakhiwa kwangesikhathi esizayo kohlelo lwezokuthutha lwesifundazwe enkathini engengaphansi kweminyaka engu-5 nokho engeqeli ngale kweminyaka engu-15;
- Lusekela uhlelo olubumbene kubo bonke omasipala, imikhandlu ephethe ezokuthutha komphakathi, abasebenza ngezokuthutha, abazisebenzisayo neminye imikhakha kahulumeni.
- Lunikeza ibalazwe-siqondiso lotshalo-mali, uhlelo lokusebenza, ukuxhumanisa izinhlobo ezihlukahlukene zezithuthi, ukuthuthukisa ingqalasizinda, ukulawulwa kwezithuthi, imiphumela yohlelo lwezithuthi lwesikhathi eside eGauteng.

**Amasu okuzogxilwa kuwona e STP egunyaziwe**

Phakathi kokunye, uhlelo olugunyaziwe luhlinzeka ngalokhu:

a) Ukuthuthukisa nokwenza kube nokusebenzisana phakathi kwezinhlobo eziningi zezithuthi;

b) Ukuthuthukiswa kwezithuthi zomphakathi nokusebenzisana kwamasistimu;

c) Ukulawula ngokuphathelene nezinto ezidingekayo ngezithuthi, ukuzenza zisebenziseke kuzo zonke izigaba nezizinda zabantu kanye nokuthuthukiswa kokuphepha kwezithuthi;

d) Ukwandisa nokuthuthukisa ingqalasizinda kanye nokubhekela ukulungiswa kwezithuthi nemigwaqo (maintenance prioritisation) njengento ebaluleke kakhulu;

e) Ukuhlela nokulawula ukuthuthwa kwempahla ngempumelelo kanye nemigwaqo esetshenziselwa ukuthuthwa kwempahla;

f) Ukusebenzisana kwemikhandlu elawula ezokuthutha nokubambisana ekulawuleni izithuthi kuyo yonke imikhakha kahulumeni (spheres of government);

g) Ukusimama, imiqondo ethuthukisiwe, nezinguquko zesikhathi eside zohlelo lwezokuthutha.

**Umthetho Nalesi Saziso**

Le ncwadi iyahlangabezana nesidingo sesigaba 7(14) soMthetho ka-2019 Womkhandlu Ophethe Ezokuthutha Wase-Gauteng, obophezela ngokusemthethweni Ilungu loMkhandlu Ophethe eliphathiswe lo mthwalo ukuba lishicilele Uhlelo Lwezokuthutha Oluzolandelwa olugunyaziwe kuSomqulu weSifundazwe futhi uthatha lezo zinyathelo njengoba zifaneleka futhi zidingekile ukuze lolu Hlelo luqale ukusetshenziswa

Ngakho-ke uHlelo Lwezokuthutha Oluzolandelwa (Strategic Transport Plan) seluyasebenza ngokusemthethweni kusukela osukwini okushicilelwe ngalo lesi saziso.

**Usuku Oluqala Ukusebenza Ngalo**

UHlelo Lwezokuthutha Oluzolandelwa lwase-Gauteng luqala ukusebenza ngosuku lokushicilelwa kwalesi saziso kuSomqulu WeSifundazwe Sase-Gauteng.